


KUSUKELA KULESOSIKHATHI

 Ngiyabonga, Mfowethu Herman. Kade ngihlezi nje lapha ngiphuza phakathi, futhi, niyazi, ngiyakuthakasela kakhulu impela.

² Futhi ngaphambi kokuba siqhubekele phambili, ngineqiniso sivele nje, asikunakanga. Ngicabanga ukuthi lokhu bekuyisidlo sasekuseni esincane esimangalisayo leso lababantu abasiphakele sona lapha, kulokhu ukusa. Ngidle ukudla kwasekuseni emhlabeni jikelele, niyazi, ezizweni ezehlukene, futhi lokho bekumnandi ngempela, ukudla kwasekuseni okuncane. Futhi ngikholwa ukuthi bekungaba njalo, njengoba singabanumzane abahloniphekile namanenekazi abangamaKristu, ukushiya into ethize encane ibekwe etafuleni ngalawo amahle, amanenekazi amancane, ukuthi asiphakele kahle kanjani niyazi, uma ubungaba nokuncane, niyazi. Kuyisiko laseMelika, ngiyacabanga, ukuthi sibashiyela into ethize encane etafuleni.

³ Futhi empeleni, bengingafanele ngikusho lokho, lapho ngingakalikhokheli ngisho ithikithi lami uqobo, nokho, kodwa ngi... Umuntu engimkweleta ithikithi, ngakho, ngi—ngiyacabanga. Awukubeki ngani nje epleyitini lakho, bese udedela amanenekazi...? Lokho, ngabe lokho kulungile na? O, kubeke nje, okunye-... ngaphambi kokuba sihambe, ngaphambi nje kokuba sihambe, shiya into ethize encane nje etafuleni.

⁴ Futhi ngithemba ukuthi abalalele, kodwa, niyabo, sibambe isibonelo, asibe yisibonelo. Niyabo? Futhi ngakho, asibe ngamaKristu angempela kukho konke esikwenzayo noma esikushoyo, kuzo zonke izenzo, asibe ngamaKristu angempela. Futhi ngiyazi ukuthi kusezinhliziyweni zethu, ngesinye isikhathi singakhohlwa kalula izinto ezincane kanjalo, kodwa nje ngicabange ukuthi ngiyokusho.

⁵ Ngikholwa ukuthi kukhona umBhalo othi, kukhulu kangakanani, noma kuyigugu kangakanani ukuba abazalwane bahlale ndawonye ebunyeni, kufana na—namafutha ayesentshebeni ka-Aroni, ehlela emiphethweni yengubo yakhe. Impela singakusho lokho, kulokhu ukusa, ngobuqiniso bangempela benhliziyo, ukuthi ngempela bekuyi—yinhlanganyelo enhle. Ngibe nemihlangano eminingi, ngibone izinto eziningi ngomusa kaNkulunkulu, angikaze ngihlangane nanoma yisiphi isigejane samadoda anomoya omuhle ngokwedlulele, abafowethu abangamaKristu nje bangempela, nathi sonke, ndawonye nje.

⁶ Ngiyazi lokhu ukudla kwasekuseni okuncane, kodwa ngithemba ukuthi lokhu... Manje, akusilo ihlaya, kuyinto ethize

eyenzeka ngempela, kodwa kuyinto ethize encane nje engahle iguqule isimo semicabango yethu okwesikhashana.

⁷ Ngiyakuthanda ukudoba. Futhi ngiya phezulu le ezintabeni ngesinye isikhathi ukuyodoba. Manje, nginenqwaba yabafowethu lapha, ngiyazi, into efanayo, ngivele ngababuka nje bebukana khona-ke. Ngakho-ke, dadewethu, ungaphikisani naye, mvumele adobe, lokho kumlungele, u. . . hamba naye.

⁸ Ngasho ngolunye usuku entombazaneni yami encane, uRebekah, wathi, “Ngi. . . Lapho ngishada, angisoze ngashada nomzingeli.” Mm! Wathi, “Ngiyakubona umama adlule kukho.”

⁹ “Kulungile, khona-ke shada nomdlali wegalofu, umvumele aphumele lapho e. . . phandle lapho nalabo besifazane abagqoke ingxenye, nayo yonke into, usuku lonke, enza lokho.”

¹⁰ Wacabanga ngakho, wabuya, wathi, “Uyazi, Babayi, kwenzeke nje ngashintsha umqondo wami.” Wathi, “Ngifuna ukushada nomshumayeli, futhi ngimvumele abe ngumzingeli, khona-ke ngifuna ukuhamba naye.” Ngakho, wayekucabange konke, kodwa lokho kulungile.

¹¹ Ngangidoba ngesinye isikhathi, le esiqongweni senyakatho yeNew Hampshire, lelo yikhaya lomncane onsundu, umfudlana. Uthola itrawuti yomdabu, ephakeme ngempela, ziyizilwi ezikahle, kodwa e—ezinye zigcwele, izinhlanzi ezichanyuselwayo zithambile, futhi akukho ukulwa okuningi kuzo. Ngakho, ngangivame ukubeka ithende lomdlwane emhlane wami, futhi ngihambe, mhlawumbe, amamayela, uhambo lwezinyawo lwezinsuku ezintathu noma ezine, phezulu le esiqongweni sezintaba, lapho bedlula khona amadamu anamavondwe, nakho konke, lapho ungena khona lapho inhlanzi itrawuti yomdabu yangempela ikhona.

¹² Futhi, o, ngithanda kanjani ukubamba labobafo abancane! Ngibabambe futhi ngibadedele, ukuba nje—ukubabamba nje, yilokho kuphela, ukuba nje uziphumuze. Ufanele ube nokuthile ukuba uziphumuze, ngakho, ikakhulukazi kululuhlobo lwenkonzo. Futhi, ngakho uMnu. Goad lapha, ungifundisa ukuthi afakwa kanjani amagobolondo ngesandla manje, futhi ngakho ngihambisana kahle impela kulokho.

¹³ Ngakho phezulu lapho ngolunye usuku, nganginethende elincane lomdlwane limile. Futhi angisuye umpheki okahle, bengineke ngabilisa amanzi ngaphandle kokuwashisa, ngiyanitshela, nje ngi—ngingumpheki omubi nje. Kodwa ngi—ngingawapheka amaflepejeke, noma, ngiyaxolisa, ngi—ngi—ngiqonde *amapanikuku*, niyazi, ukuthi si—siwabiza kanjalo. Awu manje, siwabiza ngakho konke, phandle entshonalanga, siwabiza *ngokokumunca umjuluko*. Niyazi ukuthi yini *okokumunca umjuluko* na? Kungena ngaphansi kwesihlalo sehhashi, niyazi.

¹⁴ Futhi ngakho sasiwabiza kanjalo, ezansi eKentucky, *amaflapjeke*, futhi kusobala, ngempela, *angamapanikuku*. Futhi awudingi ukuxubanisa noma yini, faka oluncane lwalolubisi oluyimpushana nawo, ukuxubanganise, ukuthulule. Futhi, kusobala, nonke niyazi ukuthi ngiyi, ngangiyiBaptisti, futhi ngiyakholelwa ekucwiliseni, angithandi ukuwafafaza, ngithanda ngempela ukukuthela kuwo, niyazi, nje ngiwamboze kahle ngempela ngoju. Futhi ngiyaluthanda uju, ngoba lokho kuhle ekuziphatheni kweBaptisti, niyazi, bona, njengoJohane, niyazi, odla uju. Futhi ngakho-ke, nganginegalane elincane elinguhhafu eligwele uju lapho.

¹⁵ Futhi ngokunye ukusa, ezansi le ngasemfudlaneni, ngangine—indawo, umgodini lapho, lapho, kugcwele nje onsundu omncane, umfudlana, cishe ishumi nambili, amayintshi ayishumi nane ubude, futhi o, babefana nje neqembu leminyuzi cishe impela, ekugcineni kolunye lwalolosinga lokudoba. Kodwa kwakukhona izihlahla endleleni yami, angikwazanga ukuphosa lolodobo iCoachman luhambe ngokwanele, niyazi, ukwenyukela lapho lapho. . . babekwazi ukubona isithunzi sami emanzini.

¹⁶ Ngakho manje-ke, ngathatha imbazo yami encane ngase ngehlela lapho ngalokho kusa, kusesekuseni, ngacabanga, “Ngizokwehla futhi ngigawule lezozihlahla, ukuze ngikwazi ukuphosa udobo futhi ngibuyele lapho, bese ngikhipha ezinye zalezo ezinkulu ngaphansi kwalokho, leyondawo lapho amanzi ayetheleka khona.” Bayabuya, bacashe emanzini ajulile.

¹⁷ Ngakho ngehla, ngase ngiligawula, ngabamba abambalwa, futhi ngangisendleleni yami ngibuya, ngabuya nababili okokudla kwami kwasekuseni. Futhi ngaphambi kokuba ngenyukele ethendeni lami elincane, ngezwa umsindo, nalelozwe ligcwele lamabhere amnyama amadadlana. O, ungatholi. . . abanye babo bathola usayizi omuhle impela, amaphawondi angamakhulu amahlanu noma ayisithupha. Kodwa kwakuyisikhathi eside ekugcineni kukaMeyi, futhi kwakukhona—kwakukhona ingulube yensikazi endadlana, noma, okungukuthi, ibhere elingumama, namawundlu alo amabili ayengene ethendeni lami.

¹⁸ Awu, akusikho lokho akudlayo, yilokho akubhubhisayo, athanda nje ukubhubhisa noma yini. Ngakho, nganginesitofu esincane phezulu lapho, ngipheka, avele ehla nje, ase ethatha lelopayipi lesitofu, futhi agxumela phansi naphezulu kulo, *kanjalo*, ukulizwa nje liqhekezeka, niyazi. Futhi ayedabule yonke into eyayiphakathi lapho. Futhi elinye lawo lalithole ibhakede lami loju. Ngakho, athanda noma yini enoshukela, niyazi.

¹⁹ Futhi ngakho, ngenkathi ngenyuka, umama omdadlana webhere wangizwa ngiza, ngakho, uzwela kakhulu, wayesegijima futhi wakhala emawundlwini akhe. Awu,

abancane, abafu abancane abahle, futhi ngokwejwayelekile lapho into ethize efana naleyo, awunayo ikhamera yakho, uyazi, ukuba uyithole. Futhi iwundlu elincane, elinye lamawundlu amancane labaleka, elinye nje lahlala lapho, awu, ngacabanga, “Yini indaba ngomfo omncane na?”

Futhi wakhala futhi, kodwa a—alizanga, lavele nje lahlala lapho, lalibhekise ikhanda lalo phansi. Ngacabanga, “O, yini indaba ngalowomfo omncane na?”

²⁰ Awu, ngangiphethe imbazo endala esandleni sami, nesibhamu esidala esigqwalile sibekwe ethendeni, kodwa ngiqagele ladatshulwa lonke laba yizicucu ngalesosikhathi, futhi ngangingeke ngifune ukumbulala noma kanjani, ngoba kwakuyoshiya izintandane ezimbili emahlathini.

²¹ Ngakho, ngacabanga, “Awu, manje...” Futhi ngagcina isihlahla engqondweni, ngoba ngalawomawundlu, uyokuklwebha, niyazi. Ngakho, nga—ngacabanga, “Manje, uma nje bengingabona ukuthi lowomfo omncane unelukuluku lokwazi kangaka!” Nje waye... “Ngani na?” Ngathi, “Alizanga ngani ngenkathi unina elibiza na?” Ngakho ngangilokhu nginyathela ngalendlela, futhi ngibuka isihlahla, ngakho, ngihambahamba, ngacabanga, “Yin’indaba na?”

Ngathi, “Heyi, phuma lapho!” Futhi lavele lahlala lapho. Futhi ngi...

²² Iwundlu likamama omdala, nelinye ngale, ne—newundlu nomama behamba bekhala, niyazi, futhi yena ebiza *leliwundlu*, futhi lalinganyakazi. Futhi ngacabanga, “Manje, kukhona into ethize eliyitholile eliyikhathalele.”

²³ Lapho ngifika ngapho, lowomfo omncane wayenebhakede lami loju, futhi wayenalo *kanje*, nesidladla sakhe esincane, niyazi, futhi wasusa isivalo salo. Manje, lalingazi ngempela ukuthi ludliwa kanjani, ngakho lalithatha isidladla salo esincane, futhi lisinamathelise phansi *kanje*, niyazi, futhi likhothe, futhi likhothe. Futhi ngazungeza eceleni, ngalihleka, kancanyana. Ngase ngithi, “Phuma lapho!”

²⁴ Futhi laphenduka futhi labuka, namehlo alo egcwele uju *kakhulu*, alikwazanga ukungibona, niyazi, futhi lalicwayiza lizungeza, lingibuka *kanjalo*. Lwalugcwele nje sonke isisu salo esincane, niyazi, ligcwele uju nje ngakho konke. Futhi ngacabanga, “Uma lingenalo ijubili lePentecostal, angikaze ngilibone.” Akukho ukulahlwa, akukho ukwesaba, lalifake isandla salo nje ebhakedeni loju, nje likhotha.

²⁵ Awu, ngicabanga ukuthi leyo yinto ethize esibe nayo kuleliviki, angikhathali ukuthi ubani osho noma yini, yilokho, isizathu singamaPentecostal, angikhathali ukuthi bonke abanye bathini, sikhonza uNkulunkulu. Ngakho, sifake nje izandla zethu ebhakedeni loju, zaze zayothi ngqu ezindololwaneni zethu,

futhi nje kade sikhotha. Mhlawumbe, aniboni kude kangako, niyazi, kodwa sigcwele uju.

²⁶ Niyayazi into exakile ngakho, ukuqeda indaba yethu encane, niyazi ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi na? Ngenkathi, ekugcineni, lakhotha ibhakede, ngavele ngahlala nje futhi ngalivumela laba nesikhathi esimnandi, ngakho, ngakho emva kokuba seliqedile, ladiyazela lasuka, lawelela lapho, namanye amkotha. Ngakho, uma bengangenanga emhlanganweni, bayokhotha, qhubeka nje ufakaza. Yebo, umama nelinye wayemkhotha nje, ngakho konke ababengakwenza, babethola, nje, okunye kokusalile, niyabo. Ngakho, kodwa lalifake isandla salo ebhakedeni loju.

²⁷ Inhlanganyelo, akukho okufana nakho. UDkt. Bosworth omdala wathi kimi ngelinye ilanga, wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini *inhlanganyelo* na?”

Ngathi, “Ngicabanga kanjalo.”

Wathi, “Ngabafo ababili *emkhunjini* owodwa.” Ngakho, lokho kuthi akube njalo.

²⁸ Ngijabula kakhulu ukubona umakhelwane wami lapha, kulokhu ukusa, unguMfowethu Fred Sothmann, omunye wabaphatheli bebandla lami, uMfowethu Banks Wood, omunye umphatheli webandla lethu, itabernakele eJeffersonville. Ngifisa sengathi nje nina bazalwane ababili beningasukuma, umzuzwana nje, uma nithanda, Mfowethu Fred, uma kungeke kwenze. . . ukuze abantu bezokwazi. Kunababili babaphatheli bethu ebandleni.

²⁹ Futhi sinabanye abangane lapha, amakhosikazi abo nabathandekayo balapha. Futhi ngithanda ukuphawula ngoMfowethu Wood, umkakhe ehlezi lapho, ungumakhelwane kimi. UMnu. Wood ungusonkontileka, uMnu. Sothmann ungumlimi waseCanada, UMfowethu Welch Evans, ehlezi *ngapha* ekhoneni, omunye umfowethu othembekile. Lababazalwane ababili behlezi *lapho*, omunye engowaseCanada, omunye owaseGeorgia, amakhosikazi abo lapha, ba—bashayela cishe amamayela ayinkulungwane, ukuya nokubuya, njalo ngeSonto lapho ngishumayela etabernakele, lokho ukwethembeka ekufikeni. Abangane abahle kakhulu!

³⁰ Futhi uMnu. Wood engusonkontileka, waye ngokuthi, wakhulela emndenini othembekile woFakazi bakaJehova. Futhi wayenomfana okhubazekile, ukukhubazeka komntwana omncane kwakufinyelise umlenze wakhe. Futhi umkakhe, ngicabanga ukuthi wayengoweChurch of God, i-Anderson Church of God, noma iMethodisti. Kwakuyini, Dadewethu Wood na? Ngabe kwakuyi-Anderson Chur- . . . ? IChurch of God.

³¹ Futhi ngakho, babe, omunye wayebatshelele ngokuthi nganginomhlangano eLouisville, futhi behlela lapho, babonile, ngobunye ubusuku lapho, umfana omncane

othathwe esihlalweni esinamasondo owayenokukhubazeka kokugongobala, futhi waya emsamo, umfo omncane egcotshe *kakhulu* ngoMoya oNgwele, futhi washumayela ngale emsamo.

³² Inenekazi eliselincane odokotela ababelidelile, elalinalesosifo esikuphendula ube ushoki. Futhi wayekade, phezulu le okhalweni lwakhe, wayengakaze anyakaze iminyaka emine noma emihlanu, futhi lapha wavuka ohlakeni, ngo-ISHO KANJE INKOSI, egijima ehla enyuka emsamo, enyuka evela ndawo zonke, engokweywayelekile ngokuphelele, futhi ephilile.

³³ Izinhliziyo zabo ziqala ukulambela uNkulunkulu. UMnu. Wood, ngalesosikhathi, engusonkontileka, wayenomsebenzi okwakufanele awuqede, ngokukhulu ukushesha. Futhi yena nomkakhe baya eHouston, eTexas, lapho umfundisi wamaBaptisti acela inselelo yenkulumo-mpikiswano. Futhi nje ubayekele baphosele inselelo, uNkulunkulu njalo usebenza kahle nje. Yilapho isithombe seNgelosi yeNkosi sathathwa khona, sona, niyabo, uMnu. Wood wayehlezi ekhona ngenkathi Yehla.

³⁴ Ngasuka lapho ngaya eFinland, eSweden, emazweni aseScandinavia. Endleleni ebuyayo, ngaya edolobheni eliseduze kwalapho lensizwa yeza khona eNkosini ngenkathi ngishumayela. Lona ngomunye wabantwana bami ovela e-enkonzwani, uMfowethu Hill. Lokho, ngicabanga ukuthi bekunjalo, Mfowethu Hill. Futhi ngizwa laba abanye abafowethu, ukuthi izinto ezehlukene ziqhamuke kanjani, futhi sengiyaguga manje, futhi ngakho, kungenza ngicabange ngalababafana abancane abezayo bazothatha indawo yami emva kwesikhashana, ngijabula kakhulu ukubabona.

³⁵ Into eyodwa ebengiyilangazelela, lapho ngibona i-Assembly, iChurch of God, amaPilgrim, nezinhlubo ezehlukene, ngi-ngizolungela ukusho kulokhu ukusa, njengoSimeyoni, “Nkosi, inceku yaKho mayimuke ngokuthula,” lapho ngangibabona, benhliziyonye futhi bekuzwana kunye, nje kuhlange ndawonye.

³⁶ USathane unigcina nidubula komunye nomunye, akadingi nhlobo ukuba adubule, niyabo, nina nje nizibhaxabula nina, niyabo. Kodwa ngenkathi ngibona lelo elikhulu, iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe lihlangu ndawonye, njengobunye obukhulu obubodwa, ngizovala iNcwadi, bese-ke ngiYidlulisela endodaneni yami, uJoseph, bese ngithi, noBilly, “Yiqhube, Ndodana.” Abanye abantwana bami, amadodana ami, “Qhubekela phambili manje, futhi nje uhlale ngaleyondlela.” Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyobakhona lapho lokho kwenzeka.

³⁷ Manje, uMnu. Wood wafika e... Mfowethu Wood, lalithini igama lalodolobha e-Ohio na? ICleveland. Sasinomhlangano omkhulu wethende lapho, futhi kwakul’khuni ukuba ufinyelele

ngakuwo. Futhi okwakhe, yena enguFakazi kaJehova manje, noyise nonina benguFakazi kaJehova oqinile, konke okwe, uyise ungumfundi. Futhi ehlezi emuva le emhlanganweni wayenomfana wakhe omncane okhubazekile, uMoya oNgcwele waphuma. Futhi angiwazi nje amagama Owawasho, bengiyosho into ethize efana nalena, “Indoda emuva lapho enomfana o...Nomkakhe ba,” mhlawumbe, “bavela eKentucky,” noma ini, niyazi, ukuthi Kuhlala kwenza kanjani. “Ukuthi umfana owayenomlenze okhubazekile manje usephulukisiwe, ISHO KANJE INKOSI.” Umfana akazi ngisho nokuthi kwakuyimuphi umlenze, ufanele ahlale phansi futhi afundisise, wawenziwe waqonda *ngokuphelele* kakhulu. Niyabo?

³⁸ Futhi umfowabo enguFakazi kaJehova wehla. Bamxosha ngokukhulu ukushesha ngenkathi enza lokho.

³⁹ UMnu. Wood wayeka ukuba ngusonkotileka kwakhe futhi wathenga indlu encane engumakhelwane wami, futhi ungu, mKristu ngempela wePentecostal. Angisho ukuthi qhobo... ngokuba njengoba ehlezi lapha, kodwa kade bengomakhelwane bangempela, abantu bangempela. Indlu yami, angikaze ngikhathazeke nganoma yini ngayo, ulapho, uma nje igceke lidinga ukusikwa, uyalisika, futhi nje noma yini enjengaleyo, ukuba seduze nje.

⁴⁰ UMfowethu Fred Sothmann, abaningi balaba, uMfowethu Tom Simpson, ehlezi lapho, lawomadoda avela eCanada, nje uku, bakhempe phandle lapho, sebebe phakathi lapho iminyaka emibili manje enqoleni, ukuba seduze nje lapho sinezinkonzo. O, ukuthi lokho, bangane, kanjalo, ukuthi kusho ukuthini kini! Manje, kuhle kakhulu ukuba nabangane abaligugu.

⁴¹ Ngakho umfowabo kaMfowethu Wood, uLyle, wehla ngolunye usuku, futhi ngiqagele, wayefuna ukumbuza ukuthi hlobo luni lo—lokuganga ahukene nalo. Futhi ngakho, wathi, “Lowo ngumfowethu phandle lapho esika utshani ekuvuneni.” Futhi ngigqoke i-ovaloli yami nesigqoko sotshani obomile. Ngiyangena, futhi ngangikhuluma naye.

⁴² Futhi kwenzeka ukuthi uMoya oNgcwele usondele, futhi uqala ukumtshela ngaye eyindoda eganiwe, enabantwana ababili, kanjalonjalo. Ngakho, wa—wacabanga, “Awu, uBanks wamtshela lokho.” Futhi ngakubamba lokho, ayekucabanga. Futhi ngakho, abantu besho lokho abaqondi ukuthi uyaqonda ukuthi bacabangani. Niyabo? Wena... UNkulunkulu wembula nje okusenhliziyweni yabo. Kodwa, niyabo, a—abakwenzi, ngempela abakukholwa.

⁴³ Ngakho ngathi, “Kodwa nansi into eyodwa uBanks angangitshelanga yona, izolo ebusuku, usondele impela ekutheni udutshulwe ikhanda lakho. Umkakho o—oshade naye, kodwa ubunowesifazane onekhanda elibomvu izolo ebusuku, futhi ukufihlile ekamelweni, nokuthi lowo ongqongqotha emnyango,

futhi wamthumela emnyango, ukuba bekungekhona ukuthi leyondoda ibiyosakaza ubuchopho bakho.” Lokho kwamthola, wayazi ukuthi lokho kwakuyiqiniso.

⁴⁴ Sahamba sayodoba ndawonye ezansi esikhumulweni semikhumbi, futhi sase siphelwe isicupho, futhi ngakho sasihlezi lapho ngokunye ukusa, Ngangibamba lama-blugili amancane ngosinga lokudoba ukuba ngicuphe ngawo ngalobobusuku. Futhi umfowabo wathi...Ngathi, “UMoya oNgcwele useduze. Ufuna...Kukhona into ethize elungiselela ukwenzeka.” Ngathi, “Kungukuthi, mhlampe, ukuvuka kuzokwenzeka.” Ngathi, “Mhlawumbe, mhlampe, cishe nginamakhulu amahlanu ohlwini lapho, abantwana abancane, nakho konke,” ngathi, “mhlawumbe, okuthize ku...”

⁴⁵ Khona-ke kwenzeka ngacabanga, mhlawumbe, ngaphambi kokuba ngisuke lapho kwakukhona...Ngiyaxolisa ngalokhu, bodadewethu, angilithandi ikati, angikwazi nje ukuwamela. Futhi ngakho, ba...A—angiwesabi, kodwa, oo, lowomuzwa oshaqisayo anginika wona! Ngakho, aye, intombazanyana yami yehla ngomzila, futhi yona nenye intombazanyana engumakhelwane benyuka, futhi wathi, “O, Babayi,” niyazi, wathola lokho kubuka okudabukisayo ngempela, wathi, “omunye uphose i—ikati bandla, futhi lidla okuthize,” futhi wathi, “lisesimweni esesabekayo kakhulu kunakho konke,” wathi, “li—linophoyizeni, lizofa.” Futhi wathi, “Babayi, ubungeke ube nankinga nami ngokugcina lelokati, ubungaba nenkinga na?”

Ngase ngithi, “Awu, uma lizofa,” ngathi, “angicabangi.”

Wathi, “Ungalikhulekela na?”

⁴⁶ Sasisanda kukhulekelainja encane, niyazi, eyayifa nje, futhi yaphila, enkulu,inja enhle manje. Ngakho, futhi niyifundile indaba ye-opozamu, nazo zonke lezozinto, lokho ngukuthi, o, Nkulunkulu, lokho ngokudaliweyo kwaKhe, kuyafana njenge... .

Ngakho, ngathi, “Ake ngibone ikati.”

⁴⁷ Ngakho yena nenye intombazanyana balithwala ngasendlini, ngase ngithi, “Awu, yebo, sizoligcina, hambani niyolanda ibhokisi.” Futhi ngokusa okulandelayo saba nemithinyane eyishumi, niyazi, futhi ngakho-ke, ngakho babenawo.

⁴⁸ Ngakho, umfanyana wami, uJoseph, waphuma, futhi wabuka omunye wayo, futhi ungumfo omncanyanyana nje, futhi walicindezela waliqinisa kakhulu, futhi waliphonsa phansi. Futhi ngacabanga ukuthi wayibulala into encane, yanyakaza lapho izikhathi ezimbalwa. Ngacabanga, “Mhlasimbe, yilowomthinyane, niyazi, lapho sengibuyela emuva, lelokati lizobe selifile, neNkosi, nje ilivuse.”

⁴⁹ Ngakho, ngokusa okulandelayo sasidoba, uMnu. Wood lapho, nomfowabo nami. Sadonsela esikebheni esincane, futhi besibamba iblimi elingusayizi okahle, niwabiza kanjalo lapha, ngiyacabanga, iblugili, siwabiza kanjalo ezansi lapho eKentucky, ezintabeni, nomoya ohelezayo uvunguza phakathi, kwakungakusa okuhle.

⁵⁰ Futhi uLyle wayehlezi lapho ne, hhayi usinga lodobo, kodwa ihhuku, kwakubukeka kimi sengathi wayezobamba imikhomo kulo, futhi wayenesibungu sonke sigwele lufakwe *isibungu* kulo. Waluqathaza laphaya, esikhundleni sokubamba inhlanzi, wavele nje waludedela, yagwinya ihhuku lathi ngqu phansi esiswini salo esincane. Futhi—futhi ngenkathi ephuma, wathi, “Manje, buka lapha enginakho,” umfo omncane othi akabe mude *kangako*. Ngakho wavele nje wayibamba ngesandla sakhe, isisu esidonsiwe, izimbobo zokuphefumula, nakho konke, into kuphela ayengayenza, ngoba ihhuku lalithe ngqu phansi esiswini sayo esincane, esikhundleni sokuyibamba, niyazi. Futhi ngathi. . . Futhi wakhapha isisu sayo esincane, wayeseyiphosa phandle phezu kwamanzi *kanjalo*, wathi, futhi yaqhaq hazela kane noma kahlanu, izigwedlo zayo ezincane zenabile, wathi, “Usufike ekugcineni, mfo omncane.” Futhi uwuhlobo lomfana wasemaphandleni omude, kanjalo, empeleni.

⁵¹ Futhi ngathi, “Manje, Mfowethu Lyle, uyabo, awulokothi uvumele inhlanzi igwinye ihhuku.” Ngathi, “Thatha nje isihloko sesicupho, futhi kuthi nje ingalishaya, uyihhuke *kanjalo*. Uyabo?”

⁵² Futhi sasihlezi lapho sixoxa, umfo omncane walala ngalapho phezu kwamanzi cishe ingxenye yehora, nomoya omncane ohelezayo waphakama futhi wayiphephetha yabuyela osebeni. Sasihlezi lapho sixoxa, futhi sibamba lezizinhlanzi futhi siziquqa amahhuku, hhayi ukubulala izinhlanzi, ngoba okungenani ngibe namakhulu amabili noma ngaphezulu, ngiqagele, uMfowethu Banks, osingeni, phandle osingeni lokudoba olunamahhuku amaningi, ngakho, sasibambile kuthangi, futhi sazisika, sazifaka osingeni.

⁵³ Kodwa nje nginikhombise ukuthi uNkulunkulu wenzani, ukuthi Ukhathalela kanjani yonke into: Khona manjalo, Into ethize iza ishanela yehla kulawomagquma, njengomoya, ngasukuma esikebheni. Wathi, “Yima ngezinyawo zakho.” Ngasukuma. Wathi, “Khuluma, futhi kuyoba njalo.”

Ngathi, “Ini?”

“Nakho kulele leyonhlanzi efile.”

⁵⁴ Ngathi, “Nhlanzi encane, ngikunika impilo yakho, eGameni likaJesu Kristu.” Inhlanzi encane yaphenduka *kanjalo*, yase iphuma ibhukuda emanzini; ilele lapho, nesisu sayo, sikhishwe emlonyeni wayo, nezimbobo zayo zokuphefumula.

55 Manje, leliBhayibheli livuliwe phambi kwami. Ngabe yiqiniso lelo, Mfowethu Wood na?

56 UMnu. Lyle Wood wavele wagxumeka nje ngale esikebheni, wathi, “Lokho bekuchaza mina, ngoba ngithe kuleyonhlanzi encane,” yayikade ifile cishe uhhafu wehora, wathi, “Ngithe, ‘Usufike ekugcineni.’”

Ngathi, “Qhabo.”

57 Wathi, “Mfowethu Branham, kungani uNkulunkulu ubengasebenzisa amandla aKhe ukuphilisa leyonhlanzi encane, futhi ngibonile kuleyoncwadi yamadazini abantwana abagogobele na? Angikutholi lokho.”

58 Ngathi, “Ngesinye isikhathi Waphuma emzini waseJerusalema, lapho okwakukhona abantu ababelele lapho benochoko, futhi befa, nazo zonke izimo, baphuma, futhi Wabona isihlahla, sasingenakudla kuso, futhi Wathi, ‘Qalekisa lesosihlahla,’ nesihlahla sabuna. Wasebenzisa amandla aKhe ekuqalekiseni isihlahla, nabantu belele phezulu lapho befa ngamakhulu benochoko, nazo zonke izinhlobo zezifo.”

59 Kuyakhombisa nje ukuthi uNkulunkulu ukhathalele, akunandaba ukuthi akuyilutho kangakanani, ukuthi kuncane kangakanani, ukuthi kukhulu kangakanani, Ukhathalele konke, imvelo yaKhe. Ngakho uma amabandla ethu emancane, noma ngabe makhulu, noma ngabe uyilunga nje, noma ngabe uyinkosikazi yomuzi, noma ngabe u...noma ngabe uyini, uNkulunkulu uyazi, futhi Ukukhathalele, futhi kulokho okwenzela Yena. Yiqiniso lelo. Ngakho siyajabula kulokhu ukusa, ukwazi ukuthi sikhonza uNkulunkulu onjalo.

60 Manje, nginamaphepha ami entela kwengikutholile abekwe phansi lapha eposini, liyavala ngiyacabanga, ngeleshumi nanye nqo kulokhu ukusa, ngakho angikwazi ukushumayela ngaphezu kwamahora amathathu, ngiqinisekile. Ngakho, ningithethelele ngobuwula bami, ngiyacabanga. Kodwa ngisho noNkulunkulu unamancoko, niyazi, ngakho—ngakho si... .

61 Ngifanele ngisho okuthile ukuze ngizisombulule. Futhi wena, akekho, oyigugu wami, mfowethu, dadewethu, ongeke azi ukuthi leyomibono yenzani. Izolo ebusuku, emva kokuba sekungene ezethamelini, inkumbulo yami ezedlula zonke, konke kubonakala kuyiphupho kimi, emva kokuba sekwenzekile. Ubufanele ulandele uBilly Paul ngesinye isikhathi, noma labo abazodingeka bahambe nami, banginyakazise, futhi bangikhahlele esilevini, noma bakhulume ngokuya kodoba noma okuthize, ukungikhipha kulokho. Akusikho ngenkathi usephezulu *lapho*, akusikho ngenkathi usezansi *lapha*, kungenkathi usephakathi nendawo. Niyabo?

62 Khona-ke, njengomprofethi ngenkathi enikeze umlayezo wakhe, futhi—futhi wabiza uMlilo uphuma eZulwini, ne—nemvula evela ezulwini, kwase kuthi-ke izinsuku

ezingamashumi amane ezulazula ehlane, noNkulunkulu wamthola emuva emgedeni, niyabo. Kumaphakathi, akusikho ngenkathi ngisamile njengoba nginjalo manje, hhayi lapho uphezulu lapho, uzwa sengathi ubungagumbuqela izwe, kodwa kungenkathi umaphakathi kwalezozikhathi.

⁶³ Futhi ngicabanga ukuthi bazoba nomdanso phakathi lapha, emva kwesikhashana; Ngithemba ukuthi siyakwenza kulokhu ukusa, futhi, umdanso wePentecostal, umdanso wePentecostal.

⁶⁴ Futhi, qaphelani, ukuthi enye into engingathanda ukuyisho phakathi kwabantu bePentecostal, nansi into eyodwa esiyikhohlwayo, bangane, ngubumnene bethu bePentecostal. Niyabo? Ukupaka ezindaweni eziningi, ngezinye izikhathi ngike ngabaqaphela abazalwane bakithi bePentecostal, lapho ubungadonsa ngempela, unike omunye umuntu i—ithuba lokupaka eceleni kwakho, ushaye nje noma ngayiphi indlela, ubangele umuntu othize...ngempela kwenza i, esikubiza *ngephutha* emgwaqeni, undize ukhululeke, futhi udilize. Lalelani, leyo akusiyo indlela yokuba ngumKristu wePentecostal. Niyabo? Ake sinake indoda eseceleni, uma inephutha, mayibe nephutha; uma ulandela yona, khona—ke unephutha. Niyabo? Ake sicabange ngomunye umfo, niyabo.

⁶⁵ Futhi nje uzame ukwenza okulungile, futhi ucabange okulungile. Nginesiqubulo: “Yenza kahle, lowo ngumsebenzi wakho kuNkulunkulu, cabanga kahle, lowo ngumsebenzi wakho kuwe uqobo, futhi ufanele wenze kahle.” Futhi uma uzozama ukwenza into efanele, uyabo, iyomila ngakuwe njengomvini nje, iyokugaxa kuyo.

⁶⁶ Futhi uma ungeke uthande isitha sakho njengoba nje uthanda labo abakuthandayo, kukhona okuthize okungalungile, ndawo ndawo. Niyabo? Manje, hhayi nje ukucabanga, “Kungumsebenzi wami ukuthanda isitha sami,” ufanele usithande ngempela.

⁶⁷ Ngangixhaswe yiqembu labantu maduze nje, abantu abakahle, akukho okumelene nabo, imibono yabo iyimibono yabo, angidwebi migqa, kodwa leliqembu labantu, amabandla angamashumi ayisikhombisa nambili axhasiwe, futhi a—anendlela yokuthi, abhaphathiza ngokucwilisa, nge—ngendlela abanye abangakholelwa ekubhaphathizeni ngaleyondlela. Ngakho leligosa elilodwa lesigodi langibiza, lase lithi, “Mfowethu Branham, ubunendoda emsamo, izolo ebusuku, ebhaphathizwe ngokungesikho.”

Futhi ngathi, “Awu, mhlawumbe ibinjalo.”

Futhi wathi, “Awu, sizodweba umugqa omncane nje. Uxegisa kakhulu.”

Ngathi, “Umzuzu nje,” ngathi, “lowomfowethu ubenoMoya oNgcwele, ubengenawo na?”

Wathi, “Awu, ubengeke abe nokuthethelelwa izono zakhe, ngoba wayengabhaphathizelwanga ukuthethelelwa kwezono zakhe.”

Ngathi, “Kodwa uNkulunkulu umnika uMoya oNgcwele, ngakho uma uNkulunkulu emamukela kanjalo, nami ngiyamemukela.”

⁶⁸ Futhi lalelani, ngingaqoka ukuba nephutha ngokomBhalo, futhi ngibe nohlobo olufanele lomoya, kunokuba ngibe ngoqinisile ngokomBhalo futhi ngibe nohlobo olungalungile lomoya, niyabo, kunjalo. Kuyilokho *okuphakathi* kuwe, kuziveza obala. Niyabo? Yilokho oku... Ungaphandle... Impilo yakho iyafakazisa ukuthi uyini.

Lendoda yathi, “Ngi... Sidweba indingilizi encane, futhi siyakukhipha eziyingini zethu.”

⁶⁹ Ngathi, “Manje-ke ngizodweba indingilizi encane, bese ngikudonsele emuva futhi, uyabo.” Ngakho, ngi... Yilokho-ke, kukubuyisela emuva ngqo. Ngi... Ungeke wangikhipha, ngoba uNkulunkulu ungifake ngaphakathi. Niyabo? Ngakho angeke—angeke wangikhipha, ngakho yile yondlela esizokwenza ngayo. Niyabo? Kholwa yilokho.

Niyiqembu elimangalisayo labafowethu.

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yemiqondo ehlobene
Kufana nalokho ngaPhezulu.

⁷⁰ Ake ngisho lokhu kini, njengomfowenu... Futhi sengedlule nje eminyakeni engamashumi amabili nesithupha ubudala, ngoluny’usuku, niyazi. Niyakwazi lokho, beningakwazi na? Bengiqonde okwesibili. Niyabo? Ngakho, angazi ukuthi ngiyoba nani isikhathi eside kangakanani, angazi ngalokho. Kodwa ake nginitshela imfihlo encane, amandla amakhulu kunawo onke ezweni akusikho ukukhuluma ngezilimi, noma ukuhumusha izilimi, noma ukuhlonishwa nguNkulunkulu ukuba ube ngumfundisi, noma ukuba ngumvangeli, noma ukuba ngumprofethi, isikhali esinamandla kunazo zonke engake ngasithola empilweni yami, uthando. Luzo... Uthando iphilelo, okuyigama lesiGreci elivela *ebunganini*, njengoba unalo kumkakhokho. Kunomehluko. Kuyokwenza umama waleyongane, agijime emlilweni ovuthayo, ukuphila kwakhe akusho lutho, leyo *yiphilelo*. Iyokwenzani i-*Agaphao* na? Niyabo? Uthando lokumesaba uNkulunkulu.

⁷¹ Sifanele sithande, uthando lobuNkulunkulu omunye komunye, khona-ke awuliboni iphutha lomfowenu. Uma enza iphutha, awusoze, ubuka ngaphezu kwalo, futhi uyamthanda noma kanjani. Niyabo? Yilokho-ke. Thanda labo abakuthandayo, khona-ke isoni asisiyo yini into efanayo na? Kodwa thanda labo ongakuthandi, yilokho okukhombisa ukuthi

uMoya kaNkulunkulu ukuwe, ngoba Wakuthanda ngenkathi wawuyisitha saKhe, futhi Wakuthanda. Futhi uma lowoMoya ukuwe, Uyokwenza uthande isitha sakho, njengoba wenza kumngane wakho.

⁷² Singakhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje? Emva kwayo yonke lenkulumo encane, uku, singabamba iZwi.

⁷³ Jehova omkhulu, singabantu ababoshelwe ePhakadeni. Sikhothamisa ubuso bethu bubheje othulini lapho esithathwe khona, futhi uma Ulibala, ngoluny'usuku, ngamunye ngamunye, siyobuyela kulolothuli, kodwa ngalokho Kusa kokuvuka, siyohlangana.

⁷⁴ Njengoba ngibuke ngale kwalelitafula kulokhu ukusa, njengoba nginakho emihlanganweni eminingi, ngibuke phansi naphazulu kulomugqa, naphandle lapho, futhi ngabona amadoda, abashumayeli beVangeli lapha, behlezi lapha, ukuthi mhlampe, washumayela iVangeli ngenkathi ngisengumfana oyisoni. Kukhona abadala, omama abampunga lapha, abavumele abantwana babo etafuleni ukusiza ukwakha lamabandla lababafana abawamele. Ngingahle ngingaphinde ngibabone emva kokuba lomhlangano usuphelile. Singahle singaphinde sihlngane ekudleni kwasekuseni kulomhlaba, kodwa kunento eyodwa eqinisekile, siyohlangana eSidlweni sakusihlwa, ngesinye isikhathi, eZweni elingcono.

⁷⁵ Lapho sicabanga ngalowoMhlangano omkhulu esibhakabhakeni, lapho lelotafula elikhulu lendlalwe lanqamula imipheme kusukela ePhakadeni kuya ePhakadeni, nabo bonke abahlengiweyo bayo yonke iminyaka behlezi bezungeze lelotafula, futhi sibukana ngaphesheya kwetafula, akungabazeki unyembezi oluncane luyoconsa lwehlele ezihlathini zethu, sikhumbula lemihlangano nezikhathi, sixhawulane futhi sisibambe ngqi ngothando lobuzalwane nolodade. Khona-ke iNkosi enkulu iyophuma, yesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, futhi ithi, "Ningakhali, bantwana, konke sekuphelile. Ngenani ezintokozweni zeNkosi elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba."

⁷⁶ Baba, ngenkathi kusesemini, ngenkathi ku—kusesemhlabeni, futhi ngenkathi sisesikheleni sesikhathi, asisebenze ngakho konke okukithi, ukuthola wonke umuntu lapho esingakwazi ukuhlala kuleyohlanganyelo enkulu.

⁷⁷ Busisa lamadoda, lababafowethu, laba... abanye balezizinsizwa, namakhehla, nalaba besifazane, nalaba bantwana abancane, sikhulekela ukuthi Uzobabusisa ngamandla aKho noBukhona. Kwangathi lomhlangano ungakhula ube yimvuselelo eyodwa yanjalonjalo, kusuka ebandleni kuya ebandleni. Kwangathi, bangabambana ngengalo, futhi babenhliziyonye, kwangathi singabeka imizamo yethu

ndawonye senzele uMbuso kaNkulunkulu, size sibone uJesu. Siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

⁷⁸ ENcwadini kaMathewu, isahluko 4, ivesi lama 17, sifunda lamazwi:

Futhi *kusukela kulesosikhathi uJesu waqala ukushumayela, nokusho ukuthi, Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele.*

⁷⁹ Ngizothatha indaba encane, bhekisisani lelowashi, indaba ethi *Kusukela Kulesosikhathi.*

⁸⁰ Manje, kunezikhathi esingathi, “Kusukela *kuleso sikhathi.*” Kunezikhathi lapho njengomntwana omncane, lababefundisi lapha bebengathi, “Bengisebandleni, futhi,” noma, “ngangiphandle ensimini,” noma, “ngangifunda iBhayibheli, futhi kusukela *kuleso sikhathi.*”

⁸¹ Umfana omncane, noma ikhehla, sinesikhathi esithize ukuthi kukhona okuthize okwenzekayo, bese kuthi-ke sithi, “Kusukela *kuleso sikhathi.*”

⁸² Umfana omncane angathi, “Uyazi, a—angikaze ngiqambe amanga empilweni yami, futhi ngoluny’usuku ngenza usikilidi wosilika wommbila, ngase ngiphuma emva kukashimula omdala womlilo, futhi—futhi ngabhema losikilidi, futhi ngathola ikhofi, futhi ngalifaka emlonyeni wami ukuze uMama angalizwa iphunga. Futhi—futhi wathi, ‘Junior, kade ubhema na?’”

Ilambu elibomvu! “Ungaqambi amanga mfana omncane, ungaqambi amanga.” Unembeza, “Ungaqambi amanga.”

“Qhabo, Mama.” Wephule zonke izithiyi ngaleyonkathi. “Futhi kusukela kulesosikhathi, ngiqala ukuqamba amanga.”

⁸³ Yileyondlela esiqala ngayo, sifanele sikumake kusukela esikhathini esithile, kukhona okuthile okwenzekile, futhi kusukela kulesosikhathi, kwaguqula izinto. Sonke sinalolohlobo lwezikhathi.

⁸⁴ Owesifazane ongenasimilo, uhamba emgwaqeni, angahle ukuba wathi, “Ngesinye isikhathi ngangimsulwa njengomnduze, futhi ngikhazimula njengasemva kwemvula ngenkathi amazolo asezulwini ewele phezu kwami, futhi ngangimsulwa njengalowomnduze. Ngangiphume nomfana engangicabanga ukuthi ungumnumzane ohloniphekile. Ngobunye ubusuku wanginika iCoke efakwe ugologo, wanganga ngendlela okwakungafanele angange ngayo. Esikhundleni sokusuka kuye, futhi ngimshaye ngempama ebusweni, futhi ngiye ekhaya, ngaziphonsa ezingalweni zakhe, futhi kusukela *kuleso sikhathi,*” niyabo, kuhlale kukhona okuthize, “khona-ke ngalahla impilo yami.”

⁸⁵ Ngakhuluma nowesifazane onjalo ngoluny’usuku, babenaye egunjini labagula ngengqondo, ngangena ukuyomkhulekela. Bathi, “Buyela emuva.” Emabhantshini okubopha izinhlanya. . .

Yilokho ngempela obekuyoba yikho izolo ebusuku. Imibono yayiqhubeka ngqo ibiza labobantu emibhedeni eyizinhlaka nezinto, kodwa ngenkathi inkazimulo kaNkulunkulu iwela kulesosakhiwo, angibange ngisakwazi ngisho ukuzwa.

⁸⁶ Niyazi ukuthi kungani ngithumele labobefundisi ezansi lapho na? Ngifuna lezizethameli zazi, nalababantu bazi lapho sengisuka lapha, ukuthi abadingi ukuthumela kimi ukuba ngibakhulekele, bengifuna abantu bazi ukuthi lezizinceku zikaNkulunkulu zingabeka izandla zazo phezu kwabagulayo. Akulutho kumuntu oyedwa, yithina siyiqembu labantu, singumndeni kaNkulunkulu.

⁸⁷ Ngingena kuleligumbi labaphuthumayo, kwakukhona owesifazane osemusha omuhle ehlezi lapho, amehlo amakhulu ansundu, nezinwele ezimnyama. Wayebukeka sengathi wayeyoba yindlovukazi yanoma yisiphi isigodlo sendoda. Wathi, “Sawubona?”

Wathi, “Unjani, Mfowethu Branham na?”

⁸⁸ Ngaqalaza, futhi nampo babegqoke amabhantshi okubopha izinhlanya, futhi bedazuluka, futhi bethuka, nowesifazane esebenzisa ipowa, futhi esula ubuso bakhe kuyo, futhi, ngiyaxolisa ngalokho, ngokuthi, emva kokudla ukudla kwenu kwasekuseni, kodwa nje ubuhlanya. Futhi yilokho ukukholwa kwakho okunakho... lapho ushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ngathi, “Awu, angazi nje ukuthi ngizoqalaphi, kuqala.”

Nenekazi eliselincane lathi, “Ngifisa sengathi ubungaqala ngami kuqala, uma ungakwenzi...”

Ngathi, “Awusiso isiguli!”

Lathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “Awu, yini indaba na?”

⁸⁹ Lathi, “Mnu. Branham, ngakhuliswa ekhaya lamaKristu, ngakhuliswa ukuthi ngihloniphe uNkulunkulu.” Lathi, “Ngesinye isikhathi ngaphuma nomfana, umama wami nobaba bangixwayisa ukuba ngingahambi nomfana onjalo.” Kodwa lathi, “Wayemuhle, wayene, niyazi, izinwele zizinhle.”

⁹⁰ Futhi, o, kusobala, lokho ku—lokho kulungile, impela. Futhi angisoli noma yimuphi owesifazane, bukeka wedlula bonke, nanoma yini, hlanzeka, nenekazi, lokho kulungile. Kodwa nje ngiyakuzonda ukubona umuntu ezenza isimo, lababesifazane ababukeki ngisho njengomuntu. Niyabo? Ngi... Kodwa ukubukeka uhlanzekile, yiba njengenenekazi.

⁹¹ Futhi madoda, ningabi budlabha, ongathobile, ongcobile. Niyabo? Hlanzeka, kodwa ungazami uku, uyazi, kungukuthi nje, ungazami ukwenza izinto *enjalo*. Nje yiba ngumfowethu ojwayelekile nje, niyabo, futhi nje—nje ube nguwe uqobo.

Ngiyakuzonda ukubona noma ubani ezama ukwembatha into ethize abangesiyo ngempela.

⁹² Ngiyaxolisa ngokushiya lendaba umzuzu. Ngangisezansi eFlorida, futhi omunye wathi. . . Ngangisezansi lapho ukusiza lomshumayeli omncane, uDavid, uLittle David eminyakeni edlule. Futhi wayengene endaweni empintshekile ezansi lapho, futhi ngehla ukuyomsiza. Ngakho, sasine, iNkosi yasinika isixuku esikhulu phandle lapho, na—nabantu abaningi kakhulu, angikwazanga ukubavakashela bonke. Ngakho, omunye wabo wathi, “UDuchess ufuna ukukubona.”

Ngathi, “Ubani?” Angikaze ngizwe ngegama elinjalo.

Wathi, “UDuchess.”

Ngathi, “Awu, yini leyo na?”

Wathi, “Ngowesifazane ongumnikazi wayo yonke lempahla kuze kube lapha, usivumele ukuba sibeke lelithende lapha.”

Ngathi, “Awu, buka nje amakhulu abantu abagulayo phandle lapho, uzama ukungibona, futhi, ukuba ngibakhulekele.” Ngathi, “Ngabe uyagula na?”

Wathi, “Qhabo, ufuna nje ukukhuluma nawe isikhashana.”

“O,” ngathi, “uma nginesikhathi, mangisichithe nalabobantu lapho, abasidinga ngempela.”

⁹³ Awu, babemzungezile emva kwezitebhisi zethende, lapho engehla khona. Manje, ngi—ngi—ngithemba ukuthi angisho lutho olubi, owesifazane omkhulukazi emi lapho enobucwebe obenele ezandleni zakhe u—ukuxhasa isithunywa senkolo kashumi emhlabeni jikelele, emi lapho. Futhi wayenepheya lezibuko, izibuko, esendukwini, futhi wayeyibambe *kanjalo*.

⁹⁴ Manje, niyazi, futhi ngiyazi, ukuthi awuzukubuka nganoma yiziphi izibuko ziphume *kanjalo*, ukubona noma yini. Kodwa kwakuyini na? Ebeka phezu kwenja. Niyabo? Futhi wabuka lapho, wathi, “U—u—unguDkt. Branham na?”

Ngathi, “Qhabo, mem,” ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

Welulela ingalo yakhe le *kanje*, wayesethi, “Ngithathekile ngokuhlangana nawe.”

Ngeluleka, ngase ngibamba leso esikhulu, isandla esikhuluphele, ngathi, “Yehlela lapha, ukuze ngizokwazi lapho sengikubona futhi,” uyabo, *kanjalo*. Ngakho ngi—ngi . . .

⁹⁵ Niyabo, Manje, kwakuyini na? Wayezama nje ukuba yinto ethize ayengesiyi. Uyini empeleni na? Amafidi ayisithupha othuli, futhi yilokho kuphela. Igama elincane nje lika *Duchess*, noma—noma *uDokotela*, noma—noma *iPh.D.*, noma *iLL.D.*, lokho akuhlangene ngalutho nawe, kungukuthi uyisidalwa sesikhathi emhlabeni. Niyabo?

⁹⁶ Manje, lelinenekazi eliselincane, ngathi kulo, “Kwenzekeni na?”

⁹⁷ Lathi, “Awu, umfana, lomfana wayebhema,” laselithi, “wazama ukungenza ukuba ngibheme, futhi ngangengekwenze.” Futhi lathi, “Ngobunye ubusuku wanginika ucezu lukaswidi, owawukade *ubhaliwe*.” Spanish Fly umuthi wothando, wena dokotela wezilwane, noma, odokotela bayazi ukuthi lokho kusho ukuthini.

⁹⁸ Ngakho, lathi, “Ungifake emgwaqeni okungesiwo.” Lathi, “Khona-ke ngi—ngidla loswidi, ngicabanga ukuthi ubulungile.” Lathi, “Angazi ukuthi kwenzekani kwaze kwaba lusuku olulandelayo, nokuziphatha kwami njengenekazi konakaliswa.” Laselithi, “Khona-ke ngacabanga, ‘Yini umehluko na?’ Ngaqala ukuphuza.”

⁹⁹ Lathi, “Ngajoyina ibandla, ngenza konke engangikwazi ukuthi kwenziwa kanjani.” Futhi lathi, “Khona-ke ekugcineni ngachitha isikhathi eGood Shepherd’s Home esikhungweni samaKatolika, futhi ngajoyina ibandla eliKatolika, ngacabanga ukuthi lokho kuyongisiza, akungisizanga. Lapho ngiphuma, ngenze into efanayo.” Lathi, “Ngangiyiseqa—mgwaqo, isifebe.”

¹⁰⁰ Lathi, “Ngidakiwe, ohlulwa uphuzo.” Futhi lathi, “Kwase kuthi-ke ngenkathi ngiyeka lokho,” lathi, “bangiqukula futhi, futhi ngadonsa iminyaka emibili ejele lokulungisa abonileyo labesifazane.” Futhi lathi, “Ngenkathi ngiphuma lapho, ngajoyina elinye ibandla,” futhi lathi, “akwenzanga nokuncu okuhle.” Futhi lathi, “Futhi ngezwa ngemihlangano yakho, ngicabange ukuthi ngizokwehla, futhi ngibone ukuthi ungangisiza yini.”

¹⁰¹ Ngase ngilibuka, owesifazane omuhle, futhi ngacabanga, “Ini? Bekungeke yini lokho kube yindlovukazi komunye omncane, umvangeli okhathele, engena evela ensimini, ekhandlekile, omnene, unkosikazi omncane, amgaxe ngezingalo zakhe, athi, ‘S’thandwa, ngiyazi ukuthi ukhathele.’”

¹⁰² Awazi ukuthi lokho kwenzani kuwe! Siyakwazi. Lapho izikhathi zihamba, akukho-muntu ongathatha ukuthinta kwenkosikazi enomoya omuhle ngempela. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ubenganika umuntu into ethize engcono, Ubeyokwenza.

¹⁰³ Ngacabanga, “Enhle kanjena, into encane abengaba yiyo!” Ngathi, “Kukhona okuthize engifuna ukukubuza khona. Awukaze yini empilweni yakho, uke uzwe sengathi ungathanda ukuba nomyeni, futhi ube nezingane ezincane, futhi ube njenge...?”

¹⁰⁴ Wathi, “Impela, Mnu. Branham,” wathi, “lokho bekungaba yisifiso senhliziyo yami.” Awu, owesifazane angeke akucabange lokho futhi abe kude kakhulu emgqeni, niyazi. Futhi wathi, “Kodwa ubani ongangifuna na?” Wathi, “Ngi—ngi—ngi... Wena

nje... Ngi—ngingeke ngisho ngikhulume phambi komfundisi, ezingcolile, izinto eziphansi engizenzile,” futhi i, nokho, owesifazane osemusha, mhlawumbe amashumi amabili.

Futhi ngathi, “Awu, singakhuleka na?”

Wayesethi, “Yebo.”

Ngehla, ngathi, “Ngifuna ukhuleke, futhi cela uNkulunkulu ukuba akuthethelele ngalezizinto.”

Futhi ngathi, “Ngikwenzile lokho izikhathi eziningi kakhulu, akusebenzi.”

Ngathi, “Awu, kuzame futhi.”

Wehlela phansi futhi wakhuleka, wabuye wasukuma, wathi, “Manje, Mfowethu Branham,” wathi, “Ngiphenya ikhasi elisha, kulobubusuku.”

¹⁰⁵ Ngathi, “Yebo, bese ngikubuyisela emuva futhi, kusasa,” niyabo, ngathi, “lokho ngeke kusebenze.” Futhi wathi... Ngathi, “Kukhona okuthize engifuna ukukubuza khona. Awufuni ukwenza lezozinto, uyafuna yini, s’thandwa na?”

Futhi wathi, “Qhabo, angifuni.”

¹⁰⁶ Futhi ngathi, “Lokhu kungabonakala kuyifeshini endala njengoba bekungaba njalo,” kodwa ngathi, “ungahle ujoyine onke amabandla, yonke iMethodisti, iBaptisti, iKatolika, nabo bonke, niyoba yinto efanayo.” Ngathi, “Ngudeveli!”

¹⁰⁷ Lawo amakhulu, amehlo akhanyayo abheka phezulu kimi, futhi wathi, “Mnu. Branham, bengihlala njalo ngikukholwa lokho.” Wathi, “Kukhona okuthize okungiqhubele ukuba ngenze izinto engingafuni ukuzenza.”

Ngathi, “Lelo yidemoni, amandla kadeveli.”

Futhi wathi, “Bengihlala njalo ngikukholwa.”

Ngakho, ngathi, “Khuleka futhi.”

¹⁰⁸ Wehlela phansi futhi wakhuleka. Wangibuka futhi, ngamkhulekela, ngase ngibeka izandla phezu kwakhe. Futhi ngakho, wahlala lapho isikhashana, futhi wabheka emuva, wathi, “Ucabanga ukuthi sekuphelile na?”

Ngathi, “Qhubeka nje ukhuleka.”

¹⁰⁹ Awu, wakhuleka isikhashana kade, ngangithatha isikhathi esiyinqwaba naye, ngaze nje ngaluqeda udaba. Emva kwesikhashana washaya uMlilo, ngenkathi enzile, wasukuma, nalawomehlo ayeseguqukile, wathi, “Kukhona okuthize okwenzekile!”

Ngathi, “Manje sekuphelile. Awudingi ukujoyina lutho manje, Dadewethu.” Ushadile futhi unabantwana, akasaphuzi.

¹¹⁰ Rosella, ukhona na? URosella Griffith, ohlulwa wuphuzo, wayeyinto ethize ekulolohlelo. Bangaki omaziyo uRosella na? Abaningi benu, impela, uRosella. Nakho lapho okhona.

111 Kusukela kulesosikhathi, into ethize, kwase kuthi kusukela kulesosikhathi kwaguquka. Yilokho owesifazane onesimilo esibi. . . Isidakwa sasingathi, “Ngakhuliswa njengonqabelayo ukwenziwa kophuzo oludakayo, abantu bakithi babengakholelwa ekuphuzeni. Kodwa ngesinye isikhathi nganginabanye abafana, futhi bangibiza ngesitabane uma ngingaphuzanga, futhi ngathatha isiphuzo sami sokuqala, futhi kusukela kulesosikhathi. Yilesosikhathi okwaqala ngaso.”

112 “Ngobunye ubusuku e—endlini yomgwaqo, ngobunye ubusuku ngipake eceleni komgwaqo, ngenkathi intombi yami ingiphuzisa, kusukela kulesosikhathi kwaqala.”

113 UNyaka oMusha, baphenya ikhasi elisha, inhloso enhle, akusizi ngalutho, lokho akusizi lutho. Ngangivame ukubona ubaba wami elahla ugwayi wakhe opilombwayo ngo—ngoNyaka oMusha, bese ethi, “Angisophinde ngipilombe,” futhi abhekisise lapho awuphose khona, ukuze akwazi ukuwucosha ngosuku olulandelayo, niyabo. Futhi ngimbonile elahla ibhodlela lakhe, bese-ke ebhekisisa ukuthi wenzeni ngalo, niyabo. Isizathu wena. . . Ukuphenya amakhasi akusizi ngalutho, kuthatha into ethize ukuba yenzeke ngaphakathi.

114 Noma yimuphi udokotela uzokutshela, uma ubeka okuthile ngaphandle, futhi uphulukise isilonda ngaphezulu, ngaphandle, kuyokwenza kuphela kube kubi kakhulu, uma kungenjalo. . . kuzofanele kuphulukiswe ngaphakathi, kuphumele ngaphandle. Futhi yileyondlela ubuKristu obuyiyo, akusikho ukujoyina ibandla, noma okuthize, ngukuphulukisa kusukela ngaphakathi, kuphuma. Ukuphenduka kwakho kuvela ngaphakathi, umnyombo, umoya, ukuphila.

115 Emva kweMpi yokuQala yoMhlaba, abaningi benu bafo abasha anikukhumbuli lokhu, thina madoda amadala siyakhumbula, ngangisengumfana nje, ngineminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, kodwa ngiyakhumbula bathi, “Asisayikuba nezimpi,” emva kweMpi yokuQala yoMhlaba, “konke sekuxazululiwe. Bathola into ebizwa ngegesi, futhi si—singeke nje. . . wena. . . Asisoze sakwazi uku—ukusinda kwenye impi, ngoba lokho ku. . . bona. . . Sizolungisa umqondo wokuthi, ‘Angisophinde sibe nezimpi.’ Yilokho kuphela. Sikuxazulula unomphela.” Ngakho, kodwa babenezinye izimpi.

116 Ba—bagcina behlela into ebizwa nge, ngikholwa ukuthi yayibizwa nge*Nhlangano Yezizwe*, “Futhi sizothatha amasosha *amaningi kangaka* avela kuzo zonke izizwe, futhi sizoba nonogada wamaphoyisa. Futhi uma noma ubani ephuma emthethweni, owodwa walokhu, *abaningi kangaka* ephuma kulesisizwe, *abaningi kangaka*. . . Sizohamba sithi, ‘Hlala phansi, John!’” Isizathu izizwe ziyisigejane sabafana nje, umndeneni nje, yilokho kuphela okukhona kukho, njengendlu

kuNkulunkulu. “Futhi sizobaphoyisa, futhi sizoba ne*Nhlangano yeZizwe*.” Kodwa babanempi ngokufanayo nje.

¹¹⁷ Manje, bane U.N., kodwa sinempi ngokufanayo nje, niyabo, ngakho...“Ngenkathi sibumba i U.N. futhi sifaka zonke izizwe kuyo...Manje, iRashiya iphumile, *nalokhu, nalokho*.” Niyabo? Akukho okwalezozinto. U—ungeke wabeka izandla zakho kulokho, akukho lutho.

¹¹⁸ Izithandani ezisencane, ngesinye isikhathi kwakukhona izithandani ezisencane, zazizoshada. Futhi izithandani ezisezincane ngahle ukuba zathi, uJohn noMary, nokuthi babehlala kahle kanjani ndawonye, futhi bangahle ukuba basho, ukuthi “Ngi...”

¹¹⁹ Mhlampe, mhlawumbe ngithatha isikhathi eside kakhulu, futhi ngibambe lomhlangano, isikhathi eside kakhulu. Sifanele sihambe ngasikhathi sini, Mfowethu na? Hhe? Sikhathi sini na? O, bengingazi. Siyaxolisa, Mfowethu. Imizuzu embalwa nje futhi si...[Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, mnumzane. Ngiyabonga, mnumzane. Besingakwazi lokho. Besifanele sihambe ngeleshumi.

¹²⁰ Asiqhubeke nje kancane. Kwakukuhle kakhulu, kwaze kwathi ngesinye isikhathi abancane, abathengisi abanezinwele ezisongene bayangena abakhuluma naye entweni ethize engalungile, futhi wahlakaza ikhaya lakhe; kusukela kulesosikhathi.

¹²¹ Wena uthi, “Mfowethu Branham, uyasitshela kulokhu ukusa, ngokuthi zingaki izinto ezenzekayo, okwenzekayo, nakho konke *lokhu, lokho, nokunye*, ngabe kukhona noma yini engenzeka emi Phakade na?” Yebo, lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu.

¹²² Kwakukhona indoda egama lingu-Abrahama, indoda ejwayelekile nje, kodwa ngoluny’usuku wahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi waguqulwa ingunaphakade. Wakholwa *okuthize* ayengakuboni. Ngenkathi ehlangana noNkulunkulu, waguqulwa.

¹²³ UMose, inceku ebalekayo, akazange...wayefanele ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli, kodwa wabaleka, futhi wayengazi ukuthi kwenziwa kanjani, ukuqeqeshwa kwakhe kwezempi kwakungeke kumvumele akwenze. Kodwa ngoluny’usuku, wahlangana noNkulunkulu, wayengumuntu oguqukile. Futhi umuntu uhlangana noNkulunkulu, kumenza enze ngokwehlukile kunoma ake enza. Ungathini nje u, uMose...? Kuhlekisa kanjani, lapho uhlangana noNkulunkulu, Kuzokwenza uziphathe kanjani!

Billy, uthe sibe nemizuzu eyishumi, cishe na? Imizuzu eyishumi, kulungile.

¹²⁴ Kwenze kanjani...? Bukani uMose. Lapha ngelinye ilanga ungumelusi wezimvu, inkosana yaseGibhithe, wabaleka,

kwingemuva logwadule, emuva kwingemuva logwadule, elusa izimvu, esaba ukuya kwa-Israyeli, noma ehlele eGibhithe, njalo, futhi nangu kwingemuva logwadule, ngokusa okulandelayo, nangu nomkakhe behlezi negxamalazele umnyuzi, nomncinyane enqulwini yakhe, ubuhwanqa bulenga *kanje*, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, induku esandleni sakhe, nangu ehamba, “Udumo kuNkulunkulu, haleluya,” ehamba.

“Uyaphi, Mose na?”

125 “Ngehlela eGibhithe ukuyolidla.” Ukuhlasela komuntu oyedwa. Ngani na? Wayehlangane noNkulunkulu. Lapho ayegijimela khona, manje wayesebuyela emuva ukuyolidla, futhi ukwenzile, ngoba wayehlangane noNkulunkulu. Futhi kusukela kulesosikhathi, isihlahla esivuthayo, uMose wayeyisimilo eshlukile, emva kokuba esehlangane noNkulunkulu, kunjalo.

126 UMariya, intombi encane, akukaze kube nowesifazane owazala umntwana, ngaphandle kokuhlangana nowesilisa, wayengakaze yena, akakaze, akwazi uku—ukuthi akwazi ukuba nomntwana ngaphandle kwempova yemvelo, kodwa wamkholwa uNkulunkulu, futhi ngaphambi kokuba ezwe noma yikuphi ukuphila, kumbe noma yini enye, izwi leNgelosi lalilihle ngokwenele kuye, wahlangana neNkosi. Wathi, “Yethi, Mariya, ubusisiwe wena phakathi kwabesifazane. Uzoba noMntwana, ungazi ndoda.”

127 Wathi, “Bheka incekekazi yeNkosi.” Futhi kusukela kulesosikhathi! UMariya akazange alinde waze waqiniseka. Kungani singalinda size siqiniseke na? Sifanele sibone isandla sethu siqonde ngqo, unyawo lwethu luqonde ngqo, ubuhlungu besisu bunqamuke, hhayi yena, iNgelosi yeNkosi, umlayezo waYo wawumuhle ngokwenele kuye, waqala ngapha, efakaza, “Haleluya! Ngizoba neNgane, ngingazi-ndoda.” Ngani na? Wahlangana noNkulunkulu, lowo kwakungumehluko.

128 UPetru, ngenkathi ehlangana noNkulunkulu, noJesu wembula kuye ukuthi wayengubani, kusukela kulesosikhathi wayengumphostoli.

129 UPawulu, umJuda omncane onekhala eliyihhuku, obhuqayo, ehlela lapho nencwadi iletha ephaketheni lakhe ukubopha bonke labobantu bememeza futhi bekhuluma ngezilimi. Wayezobafaka ejele, wayenomyalelo ovela ebandleni eliphakeme ukuba akwenze, kodwa wahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi, o, he, wayeyindoda ehluke ngenkathi ehlangana noNkulunkulu.

130 Ngesinye isikhathi ongcolile, onochoko onukayo walala esangweni, noJesu wedlula, wayesethi, “Uma Uthanda, Ungangihlambulula.” Kusukela kulesosikhathi, wayengenalo uchoko. Ngani na? Wahlangana noNkulunkulu, yilokho-ke.

131 Owesifazane onesimilo esibi wahlangana noNkulunkulu ngesinye isikhathi emthonjeni, wayenamadoda amahlanu, futhi ehlala neyesithupha. Wamtshela yona impela imfihlo yenhliziyi yakhe, futhi kusukela kulesosikhathi wayeyisithunywa sikaNkulunkulu emzini, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?”

132 Lapho uhlangana noNkulunkulu, kuguqula izinto, kusukela ku*leso* sikhathi kuguqula izinto, impela kuyakwenza. Kukwenzela bonke abantu.

133 Kwakukhona indoda eyimpumputhe ngesinye isikhathi eyahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi yayisikwazi ukubona, impela, yathi nje ingahlangana noNkulunkulu.

134 Manje, sinokuningi okunye ebesingakusho, kodwa ukusheshisa, ngifuna ukwenza isitatimende esisodwa lapha: Ukufa kwahlangana noNkulunkulu kanye, futhi akuzange kufane kamuva. Udeveli njalo wayengabaza ukuthi Lowo uyiNdodana kaNkulunkulu. Wacabanga, “Uma lowo kwakunguYe phezulu lapho entabeni, kungani engenzanga isimangaliso phambi kwami na?”

135 Ngenkathi eMehlisela lapho, futhi wamboza leyondwangu emehlweni aKhe, futhi waMshaya ekhanda, wayesethi, “Uma ungumprofethi, uma ungahlulela imicabango yenhliziyi, manje sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa,” bacabanga, “Impela, lowo ngeke kwaba nguNkulunkulu! Ukuvumela omunye adonse intshebe ebusweni bakhe, akwakwaze ngamathe adakiwe esosha, futhi amkhafulele ebusweni bakhe, futhi lowo kube nguNkulunkulu, futhi yena ame lapho futhi angasho iZwi ngakho na?” Wathi, “Lokho bekungebe nguNkulunkulu. Ngani, uNkulunkulu ubeyomshaya afe!” Niyabo, akayazi nje imvelo kaNkulunkulu.

136 Inqwaba yabantu izama ukuba, “Ngingu *S'bani-bani*,” aphume kanjalo, lowo akusuye uNkulunkulu. Indlela eya phansi iphezulu. Niyabo, niyabo? Wena . . . Ukuthobeka kwaKhe kwafakazisa kimi ukuthi WayenguNkulunkulu, lokho Ayeyikho, ethobile, emnene.

137 Manje, udeveli wacabanga ukuthi Lowo kwakungesuye uNkulunkulu. Ake siMbuke njengoba nje si—sibhekile. Bhekisisani ukuthi ukufa kwahlangana kanjani naYe, nokuthi kwenzekani ekufeni.

138 “Lowo kungaba kanjani nguNkulunkulu, engumuntu na? Ngani, wazalwa ezansi lapho ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele. Umama wakhe mhlawumbe waba naleyongane ngoJosefa, lendoda endala, eneminyaka engamashumi amane-nanhlanu ubudala, naye eneshumi nesithupha. Ngani, wayenguyise wabantwana abane noma abahlanu, bese-ke eqhubeka futhi eshada lentombazane esencane na? Ngani,

leyongane yazalwa ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele.” Bafanele bakuphendule kanjalo-ke, yileyondlela impela abantu abakukholwa ngayo. Ezalwa ngaphansi . . . ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele, babekukholwa lokho, umntwana oyivezandlebe. “Kungaba kanjani nguNkulunkulu lowo na? Bekungeke kwaba nguNkulunkulu.”

¹³⁹ Ngakho ngiyaMbona enyuka igquma, asi—asiye eJerusalema imizuzu emithathu elandelayo, noma emihlanu. Siyakhuluma, ngizwa umsindo, asihambe silunguze ngefasisetela, siliphakamise. Ngizwa into ethize uthi, *gudlu, gudlu, gudlu*, yisiphambano esidala, sikhuphuka ngomgwaqo. Wayenengubo eyodwa emhlane waKhe, ilukwe yonke ngaphandle komthungo.

¹⁴⁰ Isixuku esihewulayo, ngibona owesifazane omncane ephuma egijima ngaphambili, ethi, “Wenzeni, ngaphandle kokuphulukisa abagulayo benu, wenze abanumzane abahloniphekile ngezigebugu zenu? Wenzeni, ngaphandle kokuthi usilethele amathemba okuPhila na?”

Esikhulu, isandla esimahhadlahhadla sammukula ngaphesheya komgwaqo, wathi, “Ungamlalela lowo wesifazane esikhundleni sombhishobhi wakho, umprihi wakho na?”

“Wenzeni na?”

¹⁴¹ NgiyaMbuka, Wayemncane, lesosiphambano sihuduleka. Ngibona amanye amancane, amabala abomvu kwingemuva lebhantshi laKhe, Analo ehloambe lakhe. Ayini na? Washo Wanyuka igquma. Lawomabala aqala ukuba makhulu, futhi abe makhulu, aba banzi, futhi emva kwesikhashana, onke agijimela ebaleni elilodwa elikhulu, asakazeka manje, yiGazi. Ehudula amanyathelo ezinyawo, lapho Ekhuphuka.

Sengiyayibona inyosi yokufa ithi, “Ufuna ngihambe manje, Sathane na?”

¹⁴² “Ya, u—u, lowo akusuye uNkulunkulu, akasuye ngisho umprofethi, ubengeke akumela lokho, ubeyoqalekisa lesosigejane sabantu ukuba ubengumprofethi. AkusuYe lowo, qhubeka nyosi, mtinyele, umgxilise okwehange, sesimtholile manje.”

¹⁴³ Sengiyayibona leyonyosi yokufa iqala ukububula ngakuYe, ibhuza ngakuYe. Mfowethu, noma ubani uyazi ukuthi isilokazana esinesitinyeli njengenyosi, uma sike satinyela ngokujulile, asisenasitinyeli. Wahloma udosi lwakhe enyameni engafanele ngaleyonkathi, walufaka enyameni ka-Emanuweli. Inyosi yokufa yaMtinyela, ukufa kwahlangana noNkulunkulu, kusukela kuleyonkathi, akanalo udosi. Wadonsa inyama yakhe. Wamehlisa amandla. Akabange esatinyela.

¹⁴⁴ Omunye ogama linguPawulu, ngenkathi bakha i—indawo, isikafula lapho eRoma ukuba bamnqume ikhanda, leyonyosi iqala ukububula imzungeza, yenza umsindo, yathi, “O kufa,

luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

¹⁴⁵ Futhi ngenkathi ukufa kuhlangu noNkulunkulu, uNkulunkulu wadonsa udosi ekufeni. Into ethize yenzeka ekufeni ngenkathi kuhlangu noNkulunkulu. Futhi, namhlanje, lapho siyobhekana naye, ukufa kungabhuza, kodwa akukwazi ukutinyela, akunadosi.


Asikhuleke.

¹⁴⁶ Baba, ngijabula kakhulu ukuthi ukufa akunalo udosi. Kungaqophisana, kubhuze ngapha nangapha, futhi kuzame ukusenza sesabe, kodwa singama njengoPawulu wasendulo, sibe nalesosehlakalo esifanayo sokuthi sedlulile ekufeni, ngoba besifihlwe emzimbeni othiwa uJesu Kristu, owadonsa lona impela udosi lokufa lwawukhipha. Ngakho, sine...Ithuna elinodaka ngeke lisabamba ikholwa, ngokuba Wavuka futhi, futhi lapho Evuka, sivuka kanye naYe, labo abafile kuKristu, uNkulunkulu uyobaletha kanye naYe ekuFikeni kwaKhe.

¹⁴⁷ Nkulunkulu, uma kukhona othize lapha kulokhu ukusa, ongakaze ahlanguane noKristu, njengoba bengingathanda ukukhuluma ngakho, kwangathi bangahlanguane naYe kulokhu ukusa, nezimpilo zabo zizogugulwa kusukela manje kuqhubeke. Siphe khona, Nkosi.

¹⁴⁸ Manje, sizocela ukuthi Ubusise laba besifazane abathandekayo, abasisizile, nalesi—lesisikhungo salelikolishi leMethodisti lapha, ngobumnene babo bokusivumela sibe nalendlu. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi izinsizwa ezivela lapha zizoba yizithunywa zenkolo zangempela, namadoda kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi kungenziwa okuthize noma kushiwo okuzophendulela izinhliziyi zabo *kanjalo* kuNkulunkulu, ukuthi kuzoba noJohn Wesley wesibili ngempela ophuma lapha, Nkulunkulu. Siphe khona.

¹⁴⁹ Busisa izikhulu zesonto nabo bonke. Sibusise ndawonye. Busisa izinkonzo kulobubusuku, nezinkonzo ezizayo. Busisa abazalwane bethu abakhonzisayo lapha, nabo bonke ababuthene ndawonye. Futhi sizoKudumisa, ngalesi, isikhathi sethu, nePhakade. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

¹⁵⁰ Manje, ningawakhohlwa amathuphu odade etafuleni, uma nithanda. Futhi uNkulunkulu abe nani, size sibonane, kulobubusuku. Kulungile. UNkulunkulu anibusise. 

KUSUKELA KULESOSIKHATHI ZUL61-0415B
(From That Time)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngo-Aphreli 15, 1961, e-Illinois Wesleyan University eBloomington, e-Illinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org